# IMITHETHO KAMASIPALA YEZAMANGWABA NOKULOTHISA KA 2015

**Yenzelwe ukuhlinzekela, ukulawula kanye nokugcina esimweni esifane amangcwaba omphakathi nokungewona akaMasipala kanye nezindawo zokulothisa ezisendaweni engaphansi kwemingcele kaMasipala waseThekwini; ukuze kulawulwe ukusetshenziswa kanye nokuphathwa kwamangcwaba nezindawo zokulothisa ezingaphansi kwemingcele kaMasipala; ukuchitha imithetho kamasipala emidala nokusele kuyo, kanye nezindaba ezihambisana nalokho.**

## ISENDLALELO

**NJENGOBA** kunesidingo sokuba uMasipala alawule ukwakhiwa nokusetshenziswa kwamangcwaba nezindawo zokulothisa ezingaphansi kwemingcele yakhe;

**NJENGOBA** uMasipala engamele amangcwaba ngokwencazelo esesigabeni 1 soMthetho waKwaZulu-Natali Wezamangcwaba Nokulothisa, uMthetho No. 12 ka 1996 (njengoba uchithisyelwe) futhi njengoba enikwe amandla okwakha futhi asebenzise amangcwaba nezindawo zokulothisa, kanye nokukhipha izitifiketi ezisemthethweni zokubhalisela amangcwaba nezindawo zokulothisa okungezona ezikamasipala ezingaphansi kwemingcele kaMasipala;

**FUTHI NJENGOBA** uMasipala kufanele azame ukubhalansisa phakathi kokuvikela amalungelo amasiko abantu kanye nokuvikeleka kwemvelo uma kusetshenziswa amangcwana nezindawo zokulothisa ezingaphansi kwemingcele kaMasipala;

**NGAKHOKE MANJE** uMkhandlu kaMasipala waseThekwini, esebenza ngokweSigaba 156 sifundwa noSheduli 5 (iNgxenye B) yoMthethosisekelo weRiphabhliki yaseNingizimu Afrika, futhi sifundwa neSigaba 11 soMthetho woHulumeni Basekhaya: Municipal Systems Act, 2000 (uMthetho No. 32 ka 2000), ngalokhu ushaya le Mithetho kaMasipla elandelayo:

# OKUQUKETHWE

## ISAHLUKO 1
## UKUHUNYUSWEA

1. Izincazelo
2. Ukuhunyushwa kweMithetho kaMasipala
3. Izinhloso zeMithetho kaMasipala

## ISAHLUKO 2
## UKUSETSHENZISWA KOMTHETHO

4. Ukusetshenziswa kweMithetho kaMasipala

## ISAHLUKO 3
## AMANGCWABA NEZINDAWO ZOKULOTHISA OKUNGEZONA EZIKAMASIPALA

5. Ukwakhiwa nokusetshenziswa kwamangcwaba nezindawo zokulothisa okungezona ezikaMasipala
6. Izitifiketi zokubhalisa amangcwaba nezindawo zokulothisa
7.Indlela yokufaka izicelo
8. Ukukhishwa kwesaziso sokufaka izicelo
9. Amandla okuvuma noma okwenqaba isicelo
10. Imisebenzi yama **proprietors**

## ISAHLUKO 4
## AMANGCWABA NEZINDAWO ZOKULOTHISA ZOMPHAKATHI

11. Ukwakhiwa nokusetshenziswa kwamangcwaba nezindawo zokulothisa zomphakathi
12. Ukusebenza kwamangcwaba nezindawo zokulothisa zomphakathi

13. Ukuphathwa nokulawulwa
14. Imisebenzi kaSuphavayza
15. Amahora okusebenza
16. Ukubekisela ukungcwaba

## ISAHLUKO 5
## UKULAWULA IMINGCWABO

17. Ukufika kwesidumbu emangcwabeni
18. Ukungcwaba okungavunyelwe ngaphandle komyalelo wokungcwaba
19. Ukuhlangulwa ecaleni
20. Amavolthi emangcwabeni
21. Ukushona kwethuna
22. Isibalo semingcwabo nokugcwala kwamngcwaba
23. Ukuvula nokuvala amathuna
24. Ukumbiwa kwethuna
25. Izimali ezikhokhwayo
26. Ukudayisa ilungelo lokusebenzisa amathuna okungewona akaMasipala
27. Ukuvulwa kabusha kwamathuna okungewona akaMasipala nesibalo sezidumbu ethuneni elilodwa
28. Uhlobo lwebhokisi elivumelekile
29. Ukukhokhwa kwemali yokungcwaba
30. Ubukhulu bethuna
31. Inkozo yokungcwaba
32. Ukungena nokuphuma emangcwabeni
33. Ukusetshenziswa kwezimoto emangcwabeni
34. Ukuphazamisa amathuna akuvunyelwe
35. Imisebenzi yamathuna nezikhumbuzo kufanele ihlale ihlanzekile futhi ilungisiwe
36. Izihlahla nezitshalo emathuneni
37. Izinto ezingabukeki azidingeki
38. Iplani yetshe lesikhumbuzo kufanele ithunyelwa kaMasipala
39. Ukufakwa kwetshe lasekhanda noma lethuna
40. Ukulungisa indawo emva kokuqeda umsebenzi

41. Ukususwa kwetshe lesikhumbuzo
42. Ukufakwa kabusha kwetshe lesikhumbuzo
43. Amatshe esikhumbuzo angavumelekile
44. Amathuna aqondile ezinamatshe asekhanda kuphela
45. Izindawo ezihlobisile

## ISAHLUKO 6
## UKULAWULA IZINDAWO ZOKULOTHISA

46. Ukubekisela ukulothisa
47. Amahora okulothisa
48. Ukulawulwa komngcwabo
49. Uhlobo lwebhokisi oluvumelekile
50. Abazobamba ibhokisi bayadingeka
51. Ukungena endlini yokulothisa
52. Izinkonzo zokungcwaba
53. Amabhokisi akufanele avulwe ngaphandle kwemvume
54. Ukugcinwa komlotha
55. Izindawo zesikhumbuzo
56. Imilotha akufanele ithathwe ngaphandle kwemvume ebhalwe phansi
57. Ukwenqaba/ukuvuma isikhumbuzo
58. Izimali ezbizwayo
59. Ukulothisa izidumbu zabangenabani

## ISAHLUKO 7
## IZIHLINZEKO EZIYINGXUBEVANGE

60. Umasipala angeke akhokhele lutho oluzolimala
61. Izenzo ezingavumelekile
62. Ukwedluliselwa kwamandla
63. Ukwedlulisa izinqumo
64. Amacala nezinhlawulo

65. Ukuchithwa kwemithetho nokuhambisana nayo
66. Igama elifingqiwe nokuqala ukusebenza

## ISHEDULI
## YEMITHETHO ECHITHWAYO

## ISAHLUKO 1
## UKUHUNYUSHWA

**Izincazelo**

1. Kule Mithetho kaMasipala, ngaphandle uma okubhaliwe kusho okunye–

**"uMthetho"** usho uMthetho waKwaZulu-Natal Wezokungcwaba Nokulothisa, 1996 (uMthetho No. 12 ka 1996");

**"isisebenzi esigunyaziwe"** ngumuntu ogunyazwe ukulandela ukuthotshelwa kwezihlinzeko zalo mthetho kamasipala okufaka kodwa okungagcini:-

(a) kuabaqaphi bokuthula abachazwe esigabeni 334 soMthetho iCriminal Procedure Act, 1977 (Act No. 51 of 1977);

(b) amaphoyisa kamasipala noma edolobha achazwe eMthethweni iSouth African Police Services Act, 1995 (Act No. 68 of 1995);

(c) nalabo basebenzi, ama-ejenti, abakhonjiwe, izithunywa nabajutshelwe ukwenzela umasipala imisebenzi njengokugunyazwa nguMasipala; ngalokhu.

**"uMthetho Wokurejista ukuzalwa nokufa"** usho uMthetho Wokurejista ukuzalwa nokufa, 1992 (uMthetho No. 51 ka 1992);

**"ukungcwaba"** kusho ukungcwaba emhlabeni kanye noma ingayiphi enye indlela ecabangela imvelo yokulahla isidumbu somuntu, futhi **"ukulahla"** nakho kunencazelo yakho;

**"indawo yokungcwaba"** kusho noma iyiphi indawo yomphakathi, okungeyona ekamasipala kanye nanoma iyiphi enye indawo esetshenziselwa ukungcwaba;

**"amangcwaba"** kusho noma iyiphi indawo –

(a) lapho kungcwantshwa khona isidumbu somuntu ngendlela ehlelekile, enamathuna okungcwaba ahlonziwe;

(b) okuhloswe ukuba ibekwe eceleni unomphelo ngenhloso yokuba kungcwatshwe kuyo izidumbu zabantu kuphela;

**"ophethe amangcwaba"** kusho uMasipala waseThekwini;

**"isazimthetho esifanele"** kusho isazimthetho esigunyazwe ngokusemthethweni ukuba sikhiphe umyalelo wokumbiwa kwesidumbu;

**"uMthethosisekelo"** kusho uMthethosisekelo weRiphabhlikhi yaseNingizimu Afrika, 1996;

**"ukulothisa"** kusho ukunciphisa isidumbu somuntu sibe ngumlotha;

**"indawo yokulothisa"** kusho noma isiphi isakhiwo noma ibhilidi eligunyazwe ukuba kulothiswe kulo izidumbu zabantu;

**"ukumba isidumbu"** kusho ukukhishwa kwesidumbu somuntu ethuneni esasingcwatshwe kulo;

**"oqashiselwe"** kusho umuntu onikezwe ilungelo lokusebenzisa ingcwaba isikhathi esithile esinqunyiwe noma indlalifa yakhe noma omlandelayo ngokunikezwa itayitela;

**"ithuna"** kusho umgodi ombelwe ukuba kufakwe kuwo isidumbu somuntu ngenhloso yokumungcwaba, kepha kalifaki imigodi osekukhishwe kuwo isidumbu somuntu;

**"iNhloko"** kusho iNhloko yoMnyango wezamaPaki, Ezokungcebeleka Namasiko kuMasipala, futhi kubala nanoma imuphi umuntu–

(a) obambe kuleso sikhundla; noma

(b) iNhloko emunike amandla athile noma imisebenzi ngokohlelo lokwedlulisela amandla olwakhiwe yiMenenja kaMasipala ngokwesigaba 59 soMthetho woHulumeni Basekhaya: Municipal Systems Act, 2003 (uMthetho No. 32 ka 2000);

**"iNhloko yezeMpilo"** kusho umuntu osebenza ngokusemthethweni njengeNhloko yomnyango obhekele izindaba zazeMpilo kuMasipala waseThekwini noma lowo omumele;

**"izinsalela zesidumbu"** kusho isidumbu somuntu kanye nanoma iziphi izicubu noma amathambo ahlonzwe njengezingxenye zesidumbu somuntu, kepha kazifaki umlotha osale emva kokulothiswa kwesidumbu;

**"amangcwaba asapaki"** kusho amangcwaba asapaki okungavunyelwe ukuba kufakwe kuwo amakhanda amatshe esikhumbuzo ame abheka phezulu;

**“amangcwaba aqondile anamatshe asekhanda kuphela”** kusho indawo ebekwe eceleni iNhloko izikhathi ngezikhathi kunoma iyiphi ingxenye yamangcwaba lapho iNhloko inqume ukuba kungenziwa nhlobo kuyo nanoma imuphi umsebenzi wesikhumbuzo kuwo wonke amathuna ngaphandle kwetshe lasekhanda kuphela;

**"ithuna eliqashisiwe"** kusho indawo esemangcwabeni omphakathi ebekwe noma eklanywe njengethuna elilodwa, umuntu athenge ilungelo lokuba ayisebenzise isikhathi esithile esinqunyiwe, ukuze ayisebenzisele ukungcwaba ngokwale Mithetho kaMasipala;

**“oqashiselwe”** kusho umuntu othenge ilungelo lokusebenzisa ithuna noma indawo ngaleso sikhathi sokuqashiselana;

"**umsebenzi wesikhumbuzo”** kusho noma iliphi itshe lesikhumbuzo, izinsimbi, ukubiyela, isithombe, itshe okubhalwa kulo, imibhalo yesikhumbuzo, amatshe enze unqenqema kanye nanoma ikuphi okunye okungafakwa ethuneni njengesikhumbuzo;

**“umkhandlu kamasipala”** noma **“umkhandlu**” usho umkhandlu kamasipala weTheku, umkhandlu kamasipala oshiwo esigabeni 157(1) soMthethosisekelo;

“**UMasipala**” usho uMasipala weTheku, uMasipala wesigaba A njengoba uchazwe esigabeni 155(1) soMthethosisekelo waseNingizimu Afrika owamiswa ngokweSaziso sesiFundazwe 43 sika 2000 (KZN);

**“imenenja kamasipala”** kusho umuntu oqokwe njengenhloko yokuphathwa komkhandlu kamasipala ngokwesigaba 54A soMthetho iMunicipal Systems Act;

**"ukungcwatshwa kwabangaziwa"** kusho ukungcwatshwa kwanoma imuphi umuntu, engcwatshwa nguMasipala ngabangcwabi abanenkontileka naye uMasipala yokuba bangcwabe umuntu ozihlobo zakhe zingaziwa nguMasipala, kanti **"ongaziwa"** unikiwe incazelo yakhe lapha;

**"umuntu"** kusho umuntu siqu sakhe kanti akufaki umasipala wendawo noma umkhandlu wendawo yasemakhaya njengoba kuchazwe esigabeni 1 soMthetho;

**"indawo"** kusho amathuna amabili noma ngaphezulu okungcwaba umndeni athengwe ngumuntu ukuze abe nelungelo lokuwasebenzisa ngaleso sikhathi esinqunyelwe ukuba awasebenzise ngenhloso yokungcwaba ngokwale Mithetho kaMasipala;

**“amangcwaba okungewona akamasipala”** kusho amangcwaba akhiwe ngokoMthetho futhi anakekelwa ngumuntu noma egameni lomuntu othile –

(a) ngenhloso yokuwadayisa;

(b) ngenhloso yokungcwaba abantu benkolo eyodwa; noma

(c) ngenhloso yokuba kungcwatshwe kuwo amalungu omndeni owodwa noma abasebenzi asebeshonile bomuntu owathenga lawo mangcwaba futhi umnikazi wawo uyena owagcina esisimweni esifanele;

**“umnikazi”** maqondana namangcwaba okungewona akamasipala, kusho noma imuphi umuntu noma inhlangano yabantu, inkampani noma okungeyona inkampani, ababhekene nomsebenzi wokwengamela nokugcina esimweni esifanele amangcwaba

okungewona akamasipala, futhi kufaka nama *trustee* asebenza egameni lanoma imuphi umuntu noma inhlangano yabantu;

**“amangcwaba omphakathi”** kusho noma imaphi amangcwaba akhiwe, anakekelwa futhi umnikazi wawo okungu Masipala;

**“ithuna lomphakathi”** kusho noma iliphi ithuna elisemangcwabeni omphakathi umuntu athenge noma angathenga ilungelo lokufaka isidumbu esisodwa kulo, ngaphandle kokuba athole ilungelo lokuba alisebenzise yena yedwa lelo thuna;

**"iMithethonqubo"** kusho iMithethonqubo Yezamangcwaba Nokulothisa ngokoMthetho (uMthetho No. 12 ka 1996), eyashicilelwa eSimemezelweni No. 130 sika 1997;

**"Suphavayza"** kusho –

(a) maqondana namangcwaba alawulwa nguMasipala, umuntu oqashwe nguMasipala ukuba aphathe amangcwaba ngaphansi kolawulo nomyalele wesiphathimandla esigunyaziwe;

(b) maqondana namangcwaba okungewona akamasipala, umuntu oqashwe ngumengameli wawo ukuba aphathe lawo mangcwaba futhi agcine anamarekhodi awo;

**"Systems Act"** kusho uMthetho woHulumeni Basekhaya: Olawula Ukusebenza koMasipala, 2000 (uMthetho No. 32 ka 2000);

**"ubuholi basemakhaya"** kusho ubuholi basemakhaya njengoba kuchazwe esigabeni 1 soMthetho; kanti

**"umngcwabi"** kusho noma imuphi umuntu onebhizinisi lokulungiselela ukungcwaba izidumbu.

**Ukuhunyushwa komthetho kamasipala**

**2.** Uma kunoshayisana phakathi kokuhunyushwa kwalo Mthetho kaMasipala ngesiNgisi kanye nalowo ohunyushiwe, kuyosebenza lowo obhalwe ngesiNgisi.

**Izinhloso zoMthetho kaMasipala**

**3.** Izinhloso zalo Mthetho kaMasipala –

(a) ukuhlanganisa nokuchibiyela iMithetho kaMasipala eyayisebenza ezinhlakeni ezindala zikaMasipala eyayiqondene nokwakhiwa, ukulawula, ukuphatha kanye nokugcina esimweni esifanele amangcwaba nezindawo zokulothisa; kanye

(b) nokuhlinzekela izindaba eziqondene nalokhu.

## ISAHLUKO 2
## UKUSEBENZA KOMTHETHO

**Ukusebenza koMthetho kaMasipala**

**4.**(1) Le Mithetho kaMasipala isebenza kuyo yonke indawo engaphansi kwemingcele kaMasipala, ngaphandle kwanoma iyiphi indawo esemingceleni kaMasipala kodwa engaphansi kwesandla seNkosi, maqondana nanoma imaphi ─

(a) amangcwaba; kanye

(b) nezindawo zokulothisa,

ezakhiwe nguMasipala kanye nanoma imuphi umuntu ngokoMthetho.

(2) Ngale kwezihlinzeko zesigatshana (1), ukusebenza kwale Mithetho kaMasipala kunganwetshwelwa kunoma iyiphi indawo engaphansi kwemingcele kaMasipala engaphansi kwesandla seNkosi.

## ISAHLUKO 3
## AMANGCWABA NEZINDAWO ZOKULOTHISA OKUNGEZONA EZIKAMASIPALA

**Ukwakhiwa nokusetshenziswa kwamangcwaba nezindawo zokulothisa okungezona ezikaMasipala**

**5.** Ngaphansi kwezihlinzeko zesigaba 7, noma imuphi umuntu, angakha futhi asebenzise amangwaba noma izindawo zokulothisa, ngendlela ebekwe kule Mithetho kaMasipala.

**Isitifiketi sokubhalisa amangcwaba noma indawo yokulothisa**

**6.**(1) Amangcwaba noma indawo yokulothisa eyakhiwe ngokwesigaba 5 angasetshenziswa inoma imuphi umuntu, okufaka nesisebenzi salowo muntu, isithunywa, i-ejenti, usonkontileka noma omulandelayo ngetayitela elinegama lalowo onikwe isitefiketi sokubhalisa nguMasipala ngokwesigaba 14 soMthetho.

(2) Isitifiketi sokubhalisa okukhulunywe ngaso esigatshaneni (1) singakhishwa nguMasipala ngaphansi noma ngaphandle kwemibandela.

(3) Noma isiphi isitifiketi sokubhalisa esikhishwe ngokusemthethweni yisikhungo esifanele ngakwanona imiphi eminye imithetho ngaphambi kokuqala ukusebenza kwale Mithetho kaMasipala, futhi esingazange sihoxiswe noma sikhanselwe, siyothathwa ngokuthi sikhishwe ngokwale Mithetho kaMasipala.

(4) Ngale kwezihlinzeko zesigatshana (1), umuntu angadala ukuba abhalise amangcwaba angekho semthethweni ayevele ekhona ngaphambi kokuba kusebenze loMthetho, futhi uma esewabhalisile, izihlinzeko zalo Mthetho kaMasipala ziyosebenza nakulawo mangcwaba angekho semthethweni kube sengathi akhiwe ngokwale Mithetho kaMasipala.

**Indlela yokusebenzisa**

**7.** Isicelo sanoma imuphi umuntu sokwakha noma sokunweba amangcwaba noma indawo yokulothisa kufanele sibhalwe phansi sibhekiswe esisebenzini esigunyaziwe,futhi siphelezelwe ─

(a) iplulani yendawo ngokwesikeyili esingekho ngaphansi kokukodwa ezinkulungwaneni ezingamashumi, ekhombisa ─

(i) indawo yalawo mangcwaba ahlongozwayo noma amangcwaba akhona maqondana nemingcele yendawo okuhlongozwa ukwakhiwa kuyo noma yamangcwaba akhona noma lapho akhiwe khona, kanjengoba kungenzeka;

(ii) ukubhaliswa okuphelele okuchaza indawo okuzokwakhiwa noma kunwetshwa kuyo amangcwaba, okukhombisa yonke imigwaqo, izindawo zomphakathi nekungezona ezikamasipala ezisebangeni eliyikhulu ukusuka kuleyo ndawo yamangcwaba;

(iii) igama lomnikazi waleyo ndawo obhaliswe ngokusemthethweni;kanye

(iv) nayo yonke imigwaqo yomphakathi, indlela noma izindawo zomphakathi ezincikene naleyo ndawo;

(b) iplani yamangcwaba futhi, lapho kufanele, ukunwetshwa kwamangcwaba okuhlongozwayo, ngeskeyili sika 1 ku 500 ekhombisa ukuma kwemingcele engaphandle, imigwaqo nezindlela ezingaphakathi, ukuhlukaniswa kwendawo, amathuna, amapayiyiphi okuhambisa amanzi kanye nanoma iziphi izakhiwo ezikhona noma okuhlongozwa ukuba zakhiwe;

(c) igama eliphelele lomuntu ozosebenza emangcwabeni;

(d) isitifiketi esiqinisekisa ukuthi ukwakhiwa noma ukunwetshwa ngeke kudale ukungcola komoya noma amanzi noma kudale izinkinga emiplweni yabantu: Ngaphansi kokuthi isisebenzi esigunyaziwe singanqaba ukwamukela isitifiketi esikhishwe ngumuntu abona ukuthi akakufanele ngokwanele ukuba akhiphe leso sitifiketi;

(e) iplani yezindawo eyisikeyili sika 1 ku 100 yanoma iliphi ibhilidi elikhona noma elihlongozwa ukuba lakhiwe, nalo futhi okuyofanele lihambisane neMithetho kaMasipala yezamaBhilidi Nokuthuthwa Kwendle kaMasipala waseThekwini;

(f) uhla lwerejista noma amarekhodi agciniwe noma okuhlongozwa ukuba agcinwe aqondene nendlela yokuhlonza amathuna, ukudayisa noma ukudluliswa kwamathuna kanye nama **interments;**

(g) igama eliphelele nekheli lika **proprietor;**

(h) uhlobo lwetayitela umnikazi anikwa ngaphansi kwalo umhlaba okuzokwakhiwa kuwo amangcwaba noma osetshenziswa njengamangcwaba, nokuthi ngabe lowo mhlaba usakweletwa yini ebhange noma ungaphansi kwesikhwama esithize; kanye

(i) nesheduli yemali yokungcwaba ehlongozwayo noma leyo ekhokhwayo njengamanje.

**Ukushicilelwa kwesaziso sokusebenza**

**8.** Uma isicelo sokuvunywa sesifakiwe ngokwesigaba 7, umfaki sicelo angadala ukuba kushicilelwe emaphephandabeni ehlukene atholakala ngaphansi kwendawo esemingceleni kaMasipala isaziso esichaza ngokusebenza kanye nosuku, olungekho ngaphansi kwezinsuku eziyi 14 kusukela osukwini okushicilelwe ngalo leso saziso, okucelwa ngaso abaphikisana nokuvunywa kwaleso sicelo, bakubhekise esisebenzini esigunyaziwe.

**Ilungelo lokuvuma noma lokwenqaba isicelo**

**9**(1) uMasipala angavuma noma enqabe noma isiphi isicelo sokwakhiwa kamangcwaba noma indawo yokulothisa okungeyona ekamasipala, noma ukuqhubeka nokusetshenziswa kwazo.

(2) Ngesikhathi ecubungula isicelo, uMasipala kufanele abheke lokhu okulandelayo ─

(a) zonke iziphikiso ezifakiwe; kanye

(b) nanoma ikuphi ukuphazamiseka kwezindawo zomphakathi, isicefe emphakathini noma ubungozi empilweni yomphakathi obungase bube khona ngenxa yokwakhiwa kwalawo mangcwaba noma indawo yokulothisa ehlongozwayo; noma

(c) nanoma yini enye uMasipala ayibona ifanele ngenhloso yokucubungula ukufaneleka kwaleso sicelo.

(3) Lokho kuvunywa kungashintshwa, kuchitshiyelwe noma kube nemibandela uMasipala ayibona kufanele ayibeke.

(4) Ukuphuma noma ukwahluka epulanini evunyiwe ngokwesigatshana (1) akuvunyelwe ngaphandle kokuthola kuqala imvume yesisebenzi esigunyaziwe.

**Imisebenzi yabanikazi**

**10.** Bonke abanikazi bamanmgcwaba noma izindawo zokulothisa okungezona ezikaMasipala, ukwakhiwa noma ukuqhubeka kokusetshenziswa kwabo okugunyazwe nguMasipala, kufanele─

(a) bathobele yonke imibandela eyisipesheli ebekwe nguMasipala;

(b) bagcine noma adale ukuba kugcinwe amarekhodi akhombisa —

(i) inombolo yethuna ngalinye kanye nobunikazi balo; kanye

(ii) nenombolo yezidumbu ezisethuneni ngalinye kanye namagama, iminyaka, ubulili, ubuhlanga kanye nekheli usuku kanye nesizathu sokufa salowo nalowo muntu okulelo thuna;

(c) athobele zonke izihlinzeko zoMthetho kanye neMithethonqubo eshawe lapha;

(d) agcine wonke amagceke, ufenisi, amasango, imigwaqo, izindlela kanye namapayipi esesimweni esifanele nesisebenzayo futhi akhiphe lonke ukhula asike notshani obukhulile;

(e) ahlinzeke ngendlela yokuhlonza amathuna ngokuwahlukanisa ngamabhlokhi, ngalinye libe nenombolo yethuna bese kuthi ibhlokhi ngayinye ihlukaniswe ngezimpawu ezikhombisa inombolo kanye nendawo yebhlokhi ngayinye;

(f) ahlukanise ibombolo yamathuna ebhlokhini ngayinye ngokufaka amanamba puleti angagugi;

(g) agcine zonke izimpawu kanye namanamba pulethi ehlanzekile futhi efundeka;

(h) avumele uMasipala noma isisebenzi sakhe esigunyaziwe ukuba singene emangcwabeni sibheke wonke amarekhodi akhona maqondana nale ndawo;

(i) anike isisebenzi esigunyaziwe imininingwane yomsebenzi owenziwe ngenyanga, lungakadluli usuku lwesi 7 njalo enyangeni okungaba imingcwabo enemininingwane yamagama, ikheli, unyaka, ubulili, ubuhlanga, usuku kanye nembangela yokufa, negama likadokotela owakhipha isitifiketi sokufa, isikhungo esakhipha umyalelo wokungcwaba, ibhlokhi kanye nenombolo yethuna kanye nosuku lokungcwaba;

(j) anike isisebenzi esigunyaziwe imininingwane enamagama kanye namakheli abo bonke abasingathi, amalungu ekomidi kanye/noma abantu abalawula lawo mangcwaba noma indawo yokulothisa, engakadluli umhlaka 31 Mashi wonyaka nonyaka;

(k) aqoke uSuphavayza ozophatha amangcwana futhi agcine wonke amarekhodi amangcwaba; futhi

(l) azise isisebenzi esigunyaziwe ngokuqasha okusha noma ngokushintsha uSuphavayza ngokubhala emininingwaneni yanyangazonke okukhulunywe ngayo endimeni (j).

## ISAHLUKO 4
## AMANGCWABA NEZINDAWO ZOKULOTHISA ZOMPHAKATHI

**Ukwakhiwa nokusetshenziswa kwamangcwaba nezindawo zokulothisa zomphakathi**

**11.** uMasipala ngendlela ebekwe kule mithethonqubo, angakha futhi asebenzise inqwaba yamangcwaba nezindawo zokulothisa, njengoba engabona kufanelekile endaweni engaphansi kwemingcele yakhe.

**Ukusetshenziswa kwamangcwana nezindawo zokulothisa zomphakathi**

**12.** Amangcwaba noma indawo yokulothisa eyakhiwe nguMasipala ngokwesigaba 11 ingasetshenziswa nguMasipala ngokuqasha isisebenie esisodwa noma ngaphezelu, i-ejenti noma usonkontileka.

**Ukuphatha nokulawula**

**13.**(1) Wonke amangcwana noma indawo yokulothisa yomphakathi esezandleni noma elawula noma engekaMasipala kufanele aphathwe nguSuphavayza ngaphansi kokulawulwa yisisebenzi esigunyaziwe ngokwale Mithetho kaMasipala.

(2) Uma uSuphavayza engakaqashwa noma uma uSuphavayza oqashiwe engakwazi, nganoma iziphi izizathu ukwenza imisebenzi yakhe, isisebenzi esigunyaziwe kufanele sibe nguSuphavayza wesikhashana ngokwale Mithetho kaMasipala.

**Imisebenzi kaSuphavayza**

**14.** (1) Ukuze kuqinisekiswe ukuphathwa kahle nokulawulwa kahle kwamangcwaba nendawo yokulothisa yomphakathi, uSuphavayza kufanele ─

(a) aqinisekise ukuthi ihhovisi lakhe livulelekile emphakathini ngezikhathi ezinqunywe nguMasipala izikhathi ngezikhathi;

(b) agcine irejista eneminininingwane okuyiyo yayo yonke imingcwabo nokulothisa okwenzeke kuleyo ndawo, leyo rejista kufanele umphakathi ukwazi ukuyibona ngezikhathi zokusebenza uma uyidinga; futhi

(c) agcine ipulani noma umdwebo wamangcwaba, nawo okufanele umphakathi ukwazi ukuyibona uma uyidinga ngezikhathi zokusebenza, ekhombisa ─

(i) indawo okukuyo ithuna noma indawo yamathuna, enezinombolo nomaka bokuyehlukanisa kahle; kanye

(ii) nethuna ngalinye endaweni yamathuna lihlukaniswe kahle ngomaka ofanele.

(2) Uma kukhona ukungaboni ngaso linye, ulwazi olubhalwe epulanini noma kumdwebo okukhulunywe ngawo endinyaneni (1) maqondana nendawo, isimo, inombolo, noma ukuhlonza noma iliphi ithuna iyothathwa njengoluyilo.

(3) USuphavayza angalilevela kahle ithuna uma ebona kufanelekile ukuba enze njalo ngenhloso yokusingatha kahle indawo.

**Amahora okungena**

**15.**(1) Wonke amangcwaba nendawo yokulothisa yomphakathi kufanele kuvulelwe umphakathi ngezikhathi ezinqunywe nguMasipala.

(2) Ngokwesigatshana (1), umuntu angeke angene noma abe semangcwabeni noma endaweni yokulothisa ngezinye izikhathi ngaphandle–

(a) uma evunyelwe ngu Suphavayza; noma

(b) esemngcwabeni ogunyazwe ngokwale Mithetho kaMasipala ukuba wenzeke ngezikhathi ezingale kwezokusebenza ezejwayelekile.

**Ukubekisela ukungcwaba**

**16.**(1) Umuntu ofuna ukubekisela ukungcwaba kufanele enze isicelo salokho ngokwakhe noma ngokuthumela oqokwe nguye ngokuya ehhovisi likaMasipala eliseduze elinesisebenzi esigunyaziwe ukuba senze lokho.

(2) Ngaphansi kwesigatshana (4), ukubekisela ukungcwaba kufanele kwenziwe kusasele okungenani amahora ayisithupha ngaphambi kwesikhathi sokungcwaba, futhi uma ukubekisa kwenziwe ngosuku olufanayo nokuzongcwatshwa ngalo, lokho kubekisa kufanele kwenziwe engakadluli u 10:00 ekuseni, ngalo lelo langa;

(3) Yize noma kunezihlinzeko zesigatshana (2), isisebenzi esigunyaziwe, ngokubona kwaso, singabiza ─

(a) imali yokungcwaba emva kwesikhathi maqondana nomngcwabo odonsa kuze kube ngale kwamahora ajwayelekile okusebenza kwamangcwaba ngenxa yanoma isiphi isizathu; noma

(b) imali eyisipesheli yokungcwaba emva kwesikhathi maqondana nanoma ikuphi ukubekisela ukungcwaba okwenziwe emva kuka 10:00 ekuseni, kube kuzongcwatshwa ngalelo langa.

(4) Yonke imingcwabo kufanele yenziwe phakathi kuka 09:00 ekuseni no 3:00 ntambama njalo, ngaphandle uma kunemvume yesisebenzi esigunyaziwe yokuba umngcwabo uqhubeke ngale kwamahora okusebenza ajwayelekile.

## ISAHLUKO 5
## UKULAWULWA KWEMINGCWABO

**Ukufika kwesidumbu emangcwabeni**

**17.** Noma imuphi umuntu olethe isidumbu noma olawula ukulethwa kwesidumbu emangcwabeni kufanele asilethe ngendlela efanele ngebhokisi elifanele noma ngenye impahla ehloniphekile emboza isidumbu.

**Isidumbu asivumelekile ngaphandle komyalelo wokungcwaba**

**18.** Isidumbu asivumelekile kunoma imaphi amangcwaba ngaphandle kokukhipha kunikwe uSuphavayzwa umyalelo wokungcwaba okhishwe ngokoMthethonqubo, ngaphandle kwezimo ezihlinzekelwe eMthethweni Wokubhaliswa Kokuzala Nokufa Kwabantu.

**Ukuzihlangula ecaleni**

**19.** UMasipala angeke abe necala kunoma imuphi umuntu noma ukulahleka noma ukulimala okwenzeke noma ingayiphi indlela ngesikhathi kusetshenziswa amangcwaba noma ngenxa yesimo somhlabathi noma umhlaba okwakhiwe kuwo amangcwaba.

**Amavolthi emangcwabeni**

**20.**(1) Ngaphandle kwamavolthi ayevele ekhona ngaphambi kokushawa kwaleMithetho kaMasipala, ukusetshenziswa nokugcinwa kwawo esesimweni okufanele kwenzeke njengoba kubekwe esigatshaneni (2), ukwakhiwa kwalavolthi emangcwabeni akuvumelekile.

(2) Ngaphansi kwesigatshana (1), noma imuphi umuntu kunoma iyiphi ingxenye yamathuna odale ukuba kwakhiwe noma kusetshenziswe ivolthi njengendawo yokungcwaba, kufanele ngezindleko zakhe lowo muntu, aqinisekise ukuthi leyo volthi ihlala ivalelwe ezindongeni ezakhiwe ngezitini ezifanele noma ngamatshe afanele aqinile ahlanganiswe ngosimende, noma ngenye impahla egunyazwe yisisebenzi esigunyaziwe.

(3) Noma imuphi umuntu kunoma iyiphi ingxenye yamathuna engcwaba isidumbu somuntu kwivolthi evele ikhona, kufanele ngezindleko zakhe lowo muntu, avule leyo volthi bese kuthi emva kokufaka ibhokisi elinaleso sidumbu, ngaphandle uma lelo bhokisi livaleka ngci ngokushesha lingangenisi moya, adale ukuba lonke ibhokisi livaleleke ngci unomphelo endaweni eseceleni noma ejunjini okufanele yakhiwe ngezitini ezifanele noma ngenye impahla ehlanganiswe ngosimende futhi nangendlela ezogwema kangangoba kungenzeka ukuba kuphume isisi ngaphakathi kulelo gumbi futhi okufanele lihlale lingaphazamisekile ngaso sonke isikhathi.

**Ukushona phansi kwamathuna**

**21.**(1) Ithuna akufanele libe ngaphansi kuka 1.80 m ukushona phansi kanti isidumbu esifakwe phakathi kufanele singabi seduze ngo 1.25 m ukusuka ngaphezulu komhlaba.

(2) Yize noma kunezihlinzeko zesigatshana (1), isisebenzi esigunyaziwe singanquma ukuba ukushona kwethuna kube ngephezu kuka 1.80 m.

**Isibalo semingcwabo nokugcwala kwamangcwaba**

**22.**(1) Ngale kwezinto eziphikisana nale Mithetho kaMasipala, uMasipala anganquma ─

(a) isibalo semingcwabo ngesonto ngalinye emangcwabeni; kanye

(b) nokugcwala kwamangwaba,

Ngokubheka izinto uMasipala azibona zifanele ngokubona kwakhe.

**Ukuvula nokuvala amathuna**

**23.** USuphavayza angahlela ukuvula nokuvala wonke amathuna kanti umuntu angeke akwazi ukuvula, ukuvula kabusha noma ukuvala ithuna noma asize ekwenzeni lokho ngaphandle kwemvume kaSuphavayza futhi, lapho kungenzeka, ngaphansi kweso likaSuphavayza.

**Ukumba isidumbu**

**24.**(1) Umuntu angeke ambe isidumbu somuntu ngaphandle kwemvume yesisebenzi esigunyaziwe futhi, ngaphandle uma kumbiwa isidumbu ngenxa yokuphenywa kwecala nangokuyalela kwesisebenzi esifanele soMthetho: Ngaphansi kokuthi isisebenzi esigunyaziwe kufanele sinikeze imvume yaso emva kokuba sesinikwe isitifiketi esifanele seNhloko yezeMpilo sokuthi igculisekile ukuthi ukuvulwa kwethuna nokumbiwa kwesidumbu kungenziwa ngaphandle kokubeka impilo yomphakathi engcupheni.

(2) Ngesikhathi kumbiwa isidumbu, uSuphavayza kufanele adale ukuba ubhlokhi okunalelo thuna kulo ivalwe emphakathini. Noma imuphi umuntu oshaya indiva uphawu noma umyalelo obekwe nguSuphavayza maqondana naleyo ngxenye yebhlokhi evaliwe uyoba necala.

(3) Ithuma okumbiwa kulo isidumbu kufanele limbozwe ukuze umphakathi ungaboni ngesikhathi kumbiwa isidumbu futhi kufanele into yokumboza ihlale ilungile.

(4) Uma enikeza imvume yakhe ngokwesigatshaba (1), isisebenzi esigunyaziwe kufanele sibeka amahora okufanele kwenziwe ngawo lowo msebenzi wokumba isidumbu.

(5) Ngokwezihlinzeko zalesi sigaba, ukumbiwa kwesidumbu kufanele kwenziwe ngokwezihlinzeko zeSahluko III soMthetho.

**Izimali ezibizwayo**

**25**.(1) Izimali ezikhokhwayo kuMasipala ngezidumbu, amathuna kanye nendawo, kanye neminye imisebenzi nezidingo ezihlinzekwa nguMasipala zibekwa nguMasipala izikhathi ngezikhathi kumaTharifu kaMasipala.

(2) Zonke lezo zimali ezibizwayo kufanele zikhokhwe ngesikhathi kufakwa isicelo sokungcwaba.

(3) Abangcwabi nezimenenja noma abasebenzi bezikhungo zomphakathi ezigunyazwe nguMasipala zingenza amalungiselelo ayisipesheli okukhokha lezo zimali njalo ngenyanga. Lapho lezo zikhungo zenza leso sivumelwano sokukhokha njalo ngenyanga, uMngcinimafa kaMasipala angadinga ukuba lezo zikhungo zinikeze isiqiniseko esibhalwe phansi ngendlela eyogculisa yena uMngcinimafa esiphuma ebhange elibhaliswe ngokusemthethweni noma enkampanini yomshwalense semali elingana nezindleko zokungcwaba ezilinganiselwa ezinyangeni ezimbili.

(4) Ngale kwezihlinzeko zesigatshana (1) no (7) zesigaba 26 salo Mthetho kaMasipala, amalungelo anikezwe noma imuphi umuntu ngaphansi kokuqashiselana noMasipala kanye namatharifu ahambisana nezimali ezibizwayo maqondana nalokho kuqashiselana ayesebenza ngaphambi kokuqala ukusebenza kwale Mithetho kaMasipala kufanele agcinwe.

(5) Ukungcwatshwa kwabantu abangenamuntu kanye nokungcwatshwa kwabantu imindeni yabo ethathwa njengabampofu ngokwemigomo eyamukelwe nguMasipala, bona bayaxolelwa ekukhokheni noma izipihi izimali ezibizwayo okukhulunywe ngazo kulesi sigaba.

**Ukudayisa ilungelo lokusebenzisa amathuna**

**26**.(1) UMasipala ngokubona kwakhe, anganikeza noma imuphi umuntu ilungelo lokuba angcwabe amalungu omndeni wakhe ethuneni elilodwa isikhathi esiyiminyaka eyishumi. Lapho kunikezwe lelo lungelo leminyaka eyishumi, isiqashi noma owomndeni waso noma indlalifa yaso banelungelo lokuvuselela lelo lungelo ngokwesigatshana (6) salapha ngeminye futhi iminyaka eyishumi.

(2) Noma imuphi umuntu ofisa ukusebenzisa amathuna akhe njengoba kuchazwe esigatshaneni (1) kufanele afake isicelo esisebenzini esigunyaziwe futhi akhokhe nezimali ezibekiwe kumatharifu ngesikhathi efaka isicelo.

(3) Ukuqashiselwa amathuna ozowasebenzisa ngokwakho kufanele kubhalwe kwirejista futhi uMasipala akunike nesitifiketi wena njengomuntu ofake isicelo. Uma leso sitifiketi silahleka noma siduka, kufanele kutholakale isiqinisekiso esibhalwe phansi esisebenzini esigunyaziwe emva kokukhokha imali efanele ebizwe kumatharifu. Uma umfakisicelo engavunyelwa, isisebenzi esigunyaziwe kufanele simubuyisele imali eyidiphozi ekhokhiwe. Bese kuthi lawo mathuna engena ngaphansi kweMithetho kaMasipala Yezokungcwaba Nokulothisa eyobe isebenza ngaleso sikhathi.

(4) Ilungelo lokusebenzisa amathuna kanjalo akufanele lidluliselwe komunye umuntu ngaphandle kokuvuma kwesisebenzi esigunyaziwe: Uma kukhona noma imuphi umuntu ongagculisekile ngesinqumo sesisebenzi esigunyaziwe angafaka isikhalo ngaleso sinqumo kwiMenenja kaMasipala ngokwesigaba 62 se Systems Act.

(5) Isicelo sokudlulisa ilungelo lokusebenzisa amathuma kufanele sifakwe umnikazi wesitifiketi noma yilowo oqokwe nguye ngokusemthethweni futhi sihambisane nemali yesicelo sokwedlulisa ilungelo enqunyiwe. Isitifiketi kufanele sifakwe esicelweni futhi kubhalwe negama eliphelele kanye nekheli lalowo okudluliselwa kuye.

(6) Ukudluliselwa kwaleli lungelo okukhulunywe ngalo esigatshaneni (5) kufanele kubhaliswe yisisebenzi esigunyaziwe, ngoba ngale kwalokho, lokho kwedluliselana angeke kuthathwe njengokusemthethweni. Uma kwenzeka ilungelo lokusebenzisa amathuna libuyiselwa kuMasipala, imali eyakhokhwa ngesikhathi kuthengwa lelo lungelo kufanele ibuyiselwe kumnikazi futhi kungakhokhwa mali yokudluliselana maqondana nalokho.

(7) Noma isiphi isiqashi esifisa ukuvuselela noma isiphi isistifiketi saso esikhishwe ngokwale Mithetho kaMasipala noma leyo eyandulela le angenza njalo uma sekuphele iminyaka eyishumi yokuqala, futhi akhokhe imali elingana naleyo ayeyikhokhe ngesikhathi ethola lelo lungelo lokusebenzisa lawo mathuna noma indawo noma akhokhe enye imali engase ibizwe kumatharifu ayobe esebenza ngesikhathi salokho kuvuselela. Izicelo kufanele zenziwe

ngokubhala phansi ngephambi kokuba kuphele iminyaka eyishumi yokuqala, futhi kuvezwe nesitifiketi esifanele kwisisebenzi esigunyaziwe okufanele sigunyaze lokho kuvuselela.

(8) Wonke amathuna athengwe ngabantu kufanele asetshenziswe kuthi agcinwe ngendlela ehambisana nale Mithetho kaMasipala njengoba ichitshiyelwe izikhathi ngezikhathi.

(9) Uma isiqashi sihluleka ukuvuselela isitifiketi saso ngokwesigatshana (7) uMasipala nganoma isiphi isikhathi angalidla futhi alisebenzise lelo thuna elinesitifiketi.

(10) Nganoma isiphi isikhathi emva kokuphela kweminyaka eyishumi, uMasipala angakhipha isaziso sokudla ilungelo lokusebenzisa ithuna noma indawo leyo, lapho lowo owanikwa yona ehluleka ukuthobela izihlinzeko ezibekwe esigabeni 35 sale Mithetho kaMasipala.

(11) Lapho owanikwa Iungelo lokusebenzisa amathuna engaziwa noma engatholakali emva kokwenza konke okusemandleni ukumthola, futhi ngaphambi kokuba kusetshenziswe amandla okudla lelo lungelo ngokwesigatshana (10), uMasipala kufanele ashicilele ─

(a) kumaphephandaba aphuma endaweni engaphansi kwemingcele kaMasipala; futhi

(b) okungenani ngezilimi ezimbili ezisemthethweni,

Isaziso ngezinhloso zakhe zokudla lawo mathuna noma indawo emva kokuphela kwezinyanga ezintathu kusukela osukwini okuphume ngalo leso saziso.

(12) Lapho ithuna noma indawo  esemathuneni omphakathi idingeka ukuba isetshenziselwe izidingo zomphakathi noma zikamasipala, isisebenzi esigunyaziwe singakhipha enye indawo kuwona lawo mangcwaba siyinike lowo owanikwa ilungelo lalokho kuqasha, esikhundleni saleyo ndawo edingelwa izidingo zomphakathi noma zikamasipala.

**Ukumbiwa kabusha kwamathuna nesibalo sezidumbu ethuneni eliIodwa**

**27**.(1) Imvume yomuntu obhaliswe njengomnikazi wesitifiketi yokusebenzisa ithuna noma indawo noma yalowo oqokwe nguye ngokusemthethweni kufanele inikwe uSuphavayza ngaphambi kokuba kumbiwe kabusha noma iliphi ithuna ukuze kufakwe isidumbu esisha.

(2) Ukugwema ukumbiwa kabusha kwamathuna okungenasidingo nokufakwa kwesibalo esingafanele sezidumbu ethuneni elilodwa, uSuphavayza kufanele anqume ukuthi zingaki izidumbu ezingafakwa ethuneni elilodwa.

**Uhlobo lwebhokisi oluvumelekile**

**28**.(1) Umuntu angeke afake noma adale ukuba kufakwe emangcwabeni omphakathi, abantu abanelungelo lokuwasebenzisa ngokwabo noma endaweni yanoma imaphi amangcwaba ibhokisi elakhiwe ngenye impahla ngaphandle kwaleyo ebolayo futhi engaxabani nemvelo.

(2) Izihlinzeko zesigatshana (1) akufanele zihunyushwe ngendlela ezivimbela ezinye izindlela zokungcwaba ezisebenzisa impahla ebolawyo futhi engaxabani nemvelo, okufaka kuyo ngisho nendwangu nokunye.

**Ukukhokwa kwemali yokungcwaba**

**29.**(1) Noma imuphi umuntu ofisa ukuba kufakwe isidumbu emagcwabeni omphakathi kufanele akhokhe imali yokungcwaba ebekwe kumatharifu. Leyo mali igunyaza lowo muntu ukuba angcwabe isidumbu esisodwa kuphela, futhi ukwabiwa kwamathuna kufanele kwenziwe nguSuphavayza ngokubona kwakhe.

(2) Lapho imali ebizwayo yokusebenzisa amangcwaba omphakathi isikhokhiwe egameni lanoma imuphi umuntu, noma ngubani omele lowo muntu angavunyelwa ezinyangeni eziyisithupha emva kokungcwaba ukuba athole ilungelo lokusebenzisa lelo thuna ngokwakhe emva kokukhokha imali enqunyiwe yokuthenga ilungelo lokusebenzisa ithuna njengelakhe.

(3) Ngale kwezihlinzeko zesigatshana (1), ayikho imali yokungcwaba ekhokhwayo mayelana nokungcwaba izidumbu ezingenabani noma ngokungcwaba izidumbu zemindeni ethathwa njengehlwempu ngokwemigomo eyamukelwa nguMasipala izikhathi ngezikhathi.

(4) Imingwabo okukhulunywe ngayo esigatshaneni (3) kufanele yenziwe ngabangcwabi abaqashwe nguMasipala emva kokulandela izindlela ezifanele zokukhishwa kwamathenda.

**Ubukhulu obujwayelekile bamathuna**

**30**. Ubukhulu bamathuna onke emangcwabeni omphakathi buba ngu 2.40 m ngo 1.10 m: ngaphansi kokuthi izihlinzeko zalesi sigaba angeke zisebenze kunoma imaphi amathuna asemangcwabeni omphakathi enziwa ngaphambi kuka 1956 futhi akhonjiswe eplanini yokugcina yalawo mangcwaba njengamakhulu noma angaphansi kwalobu bukhulu obubekwe kulesi sigaba.

**Izinkonzo zomngcwabo**

**31**.(1) Umuntu ophethe umngcwabo kufanele enze wonke amalungiselelo okwenza lowo mngcwabo ngenkonzo nangenkolo yokungcwaba efanele.

(2) Umuntu angeke akwazi ukwenza inkonzo noma isiko lokungcwaba lanoma iyiphi enye inkonzo kunoma iyiphi ingxenye yamangcwaba ebekelwe eceleni amalungu ezinye izinkolo noma izinkonzo.

**Ukungena nokuphuma emangcwabeni**

**32.** Umuntu angeke akwazi ukungena noma ukuphuma emangcwabeni ngaphendle kokusebenzisa isango noma indawo yokungena eyakhiwe nguMasipala eyakhela lokho.

**Ukusetshenziswa kwezimoto**

**33**.(1) Umuntu angeke akwazi ukungenisa emangcwabeni, ngaphandle kwemvume kaSuphavayza, noma iyiphi imoto, ikalishi, inqola noma enye imoto, ngaphendle uma leyo moto idingeka ukuze ithwale ─

(a) isidumbu somuntu;

(b) abantu abeze emngcwabeni;

(c) amatshe ezikhumbuzo;

(d) abantu abavakashe noma abazonakekela amathuna; noma

(e) abanye abantu noma impahla evunyelwe yisisebenzi esigunyaziwe.

(2) Umuntu angeke angenise emangcwabeni imoto, ikalishi, inqola kanye nanoma iyiphi enye imoto esinda ngaphezu kuka 6 000 kg.

(3) Zonke izimoto ezisemangcwabeni ngokusemthethweni kufanele zihambe ngejubane elingekho ngaphezu kuka 15 km/h, futhi akuvumelekile ukuba izimoto zidlule eduze nalapho kwenziwa khona inkozo yokungcwaba.

**Ukuxakazisa amathuna akuvunyelwe**

**34.** Umuntu akufanele ukuba axakazise noma aphazamise nganoma iyiphi indlela noma iliphi ithuna, umsebenzi wesikhumbuzo, izimpawu ezisemthethweni emangcwabeni ngaphandle kokwenza umsebenzi ofanele futhi agunyazwe ukuba awenza ngokwale Mithetho kaMasipala.

**Amathuna namatshe esikhumbuzo kufanele agcinwe ehlanzekile futhi elungisiwe**

**35**.(1) Oqashiselwe ithuna noma indawo ethise kufanele ayigcine ─

(a) ingenalo ukhula;

(b) isesimweni esifanele;

(c) ihlanzekile; futhi

(d) ilungiseke kahle.

(2) Uma lowo oqashiselwe ehluleka ukunakekela noma iliphi ithuna noma amatshe esikhumbuzo afakwe lapho, uMasipala angakhipha isaziso acele, ngesikhathi esithile esinqunyiwe, ukuba ─

(a) kugcinwe esimweni esifanele;

(b) kulungiswe;

(c) kuvuselelwe; noma

(d) kususwe itshe lesikhumbuzo eseligugile, elimbi noma elingabukeki.

(3) Uma uMasipala engamazi ukuthi lowo oqashiselwe ukuphi nendawo, noma uma lowo oqashiselwe ehluleka ukwenza lowo msebenzi ofanele, ngesikhathi anqunyelwe sona kuleso saziso okukhulunywe ngaso esigatshaneni (2), uMasipala ngokwakhe angawenza lowo msebenzi wokunakekela, ukulungisa, ukuvuselela noma ukususa akubona kufanele kwenziwe bese ebiza izindleko zalokho kulowo oqashiselwe.

(4) Utshani, ukhula kanye nokunye okusala ngesikhathi kugcinwa ithuna lihlanzekile akufanele kufakwe noma kulahlwe ethuneni eliseduze noma kwenye indawo yamathuna noma emgwaqeni noma endleleni noma endaweni engenalutho, kepha kufanele kususwe emathuneni noma kufakwe emigqonyeni ebekelwe lokho.

(5) Ngokwalesi sigatshana, umuntu oqashiselwe ithuna noma indawo emangcwabeni omphakathi uthathwa njengomuntu omuhlangulile uMasipala, isisebenzi esigunyaziwe kanye nabo bonke abasebenzi baMasipala kunoma ikuphi ukulimala okungadalwa inoma yini noma ukuntshontshwa kwanoma imaphi amatshe esikhumbuzo afakwe noma angafakwa emathuneni abo, futhi angeke babeke uMasipala iala ngalokho kulimala noma ukuntshontshwa.

**Izihlahla nezitshalo emathuneni**

**36**. Ngaphandle kwemvume kaSuphavayza, umuntu angeke atshale kunoma iliphi ithuna elisemangcwabeni, noma ngabe lelo thuna selisebenzile noma cha, noma isiphi isihlahla noma izimila zanoma uluphi uhlobo ezikwazi ukubamba amanzi okungazalela kuwo omaskito. USuphavayza ngezindleko zoqashiselwe angahlakula, asike noma ambe ukuze asuse lezo zimila, izitshalo noma izimbali nganoma isiphi isikhathi uma ngokubona kwesisebenzi esigunyaziwe, sezingasabukeki kahle noma sezikhule kakhulu, noma sezidala isicefe noma zilimaza amathuna aseduza nazo noma sekudingeka ukuba lelo thuna lisetshenziswe futhi.

**Izinto ezingabukeki azivunyelwe**

**37.** Umuntu angeke agcine noma avumele ukuba kugciwe kunoma iliphi ithuna elisemangcwabeni, noma ngabe selisebenzile noma cha, amathini, amabhodlela, izinto zokupheka ezindala noma okunye okungabukeki, futhi uSuphavayza unelungelo lokususa lezo zinto kanye nokunye osekugugile njengezimbali ezindala, amavazi kanye nokunye okungasabukeki.

**Amaplani amatshe ezikhumbuzo kufanele athunyelwe**

**38**. Umuntu ofisa ukufaka, ukushintsha noma ukwenezela emsebenzini wamatshe ezikhumbuzo emangcwabeni kufanele kuqala athumele esisebenzini esigunyaziwe amaplani alowo msebenzi noma ivolthi, kanye nemibhalo ezoba kuwo, futhi uma isisebenzi esigunyaziwe sinike imvume yalokho, kufanele sikhiphe imvume ebhalwe phansi ngendlela ebekwe nguMasipala yalokho, emva kokukhokhwa kwemali efanele yamatharifu okwenza lokho, futhi ukwenziwa kwalowo msebenzi wetshe kufanele kwenziwe ngaphansi kwemiyalelo yesisebenzi esigunyaziwe.

**Ukufakwa kwetshe lasekhanda noma lethuna**

**39**.(1) Uhlobo lwetshe lesikhumbuzo oluvumelekile emangcwabeni itshe lasekhandanoma lethuna, ukufakwa kwalo okufanele kwenziwe ngokuhambisana nemithetho kanye nemihlahlandlela enqunywe nguMasipala izikhathi ngezikhathi.

(2) Noma ngumuphi umuntu ofisa ukufaka itshe lasekhanda noma lethuna kufanele acele ngokwakhe noma ngokuthumela umuntu aqokwe nguye kumabhalane okubekiswa kuye esikhungweni noma emahhovisi kamasipala aseduze nalawo mangcwaba, bese enika umabhalane wonke amaphepha angase adingwe nguMasipala ngalokho, okubala ─

(a) umazisi womuntu ofaka isicelo noma iphasiphothi;

**(**b) ubufakazi belungelo lokusebenzisa lelo thuna, njengekhophi yesitifiketi sobunikazi eqinisekiswe; kanye

(c) nomdwebo noma iplani yetshe elizofakwa.

(3) Emva kokukhokhwa kwemali eqondene nalokho, itshe lasekhanda noma lethuna lingafakwa ngokuhambisana nepulani eyathunyelwa umfaki sicelo kumabhalane okubekiswa kuye ngokwesigatshana (2), okufanele kuhambisane nemithetho nemihlahlandlela enqunywe nguMasipala ngokwesigatshana (1).

(4) Noma ngumuphi umuntu ofaka itshe lesikhumbuzo noma lethuna elingahambisani nesigatshana (2) noma ngesikhathi efaka itshe, awelele emgaqweni, endleleni noma kwelinye ithuna kufanele uma ecelwa ngokubhalelwa phansi isisebenzi esigunyaziwe, ahambisane nezimfuno zesigatshana (2) noma asuse lokho okuwelele ngale kwethuna lakhe.

(5) Uma ehluleka ukususa lokho, ngesikhathi abekelwe sona esazisweni, uMasipala angalisusa lonke itshe bese ebiza izindleko zalokho kulowo muntu.

(6) Wonke umsebenzi wokufakwa kwamatshe emangcwabeni kufanele ufike emangcwabeni usulungele ukufakwa kuphela.

(7) Akufanele nakancane kube nengxenye yamangcwaba ezosetshenziselwa ukwakha amatshe amakhanda noma amathuna ngaphandle kwemvume yesisebenzi esigunyaziwe, okungathi ngokubona kwaso emva kokufakwa kwesicelo, sivumele ukusetshenziswa kwezingxenye ezingasebenzi zamangcwaba zisetshenziselwe ukwenza lokho.

(8) Noma ngumuphi umuntu owenza lowo msebenzi ngokwesigathana (7) emangcwabeni kufanele, ngaphambi kokuqala ukusebenza, abike ngezinhloso zakhe zalokho kuSuphavayza.

(9) Itshe lasekhanda noma lethuna kanye nokunye kwanoma uluphi uhlobo akufanele kubekwe ethuneni lomunye umuntu.

**Ukulungisa indawo emva kokusebenza**

**40.** Ngesikhathi kufakwa itshe lesikhumbuzo, ukwakhiwa noma ukwenziwe kweminye imisebenzi efana nalokhu emangcwabeni, umuntu owenza lowo msebenzi, kufanele uma eqeda lokho, alungise indawo abesebenzela kuyo ayishiye ihlanzekile futhi ibukeka.

**Ukususa itshe lesikhumbuzo**

**41**. Umuntu akavunyelwe ukususa itshe lesikhumbuzo emangcwabeni, ngaphandle uma lowo muntu ethole imvume ebhalwe phansi kuqala yesisebenzi esigunyaziwe emva kokuba athumela isicelo esibhalwe phansi ngendlela ebekwe nguMasipala yokwenza lokho.

**Ukushintshwa noma ukufakwa kabusha kwetshe lesikhumbuzo**

**42.** Umuntu oqashiselwe noma iliphi ithuna noma indawo emathuneni noma lowo omelwe nguye, odinga ukuba kususwe itshe lesikhumbuzo, ukuze aphinde angcwabe noma nganoma isiphi esinye isizathu, kufanele afake isicelo esisebenzini esigunyaziwe ukuze

athole imvume yokwenza lokho, uma evunyelwa ukwenza njalo, adale ukuba wonke lowo msebenzi wokususa itshe noma wakulifaka kabusha wenziwe zingakapheli izinyanga ezimbili kusukela osukwini athola ngalo imvume.

**Amatshe esikhumbuzo angavunyelwe**

**43.** Isisebenzi esigunyaziwe singenqabela ukuba kufakwe itshe lesikhumbuzo kunoma iliphi ithuna uma lowo msebenzi ungaphansi kwezinga lomsebenzi omuhle onqunyiwe noma ungadala ukuba abukeke kabi amangcwaba.

**Izindawo eziqondile ezinamatshe asekhanda kuphela**

**44**.(1) Isikhulu esigunyaziwe singabeka ingxenye ethile eceleni yamathuna ukuba isetshenziswe njengendawo eondile efakwa amatshe asekhanda kuphela.

(2) Ubukhulu obuvunyelwe betshe lekhanda kufanele ─

(a) bungeqi ku 450 mm ubude kusuka phansi;

(b) 600 mm ububanzi; futhi libe ngu

(c) 200 mm ubugqinsi phansi.

(3) Ubukhulu obuvunyelwe bevazi kufanele ─

(a) bungeqi ku 225 mm ubude kusuka phansi;

(b) 200 mm ububanzi; futhi ibe ngu

(c) 200 mm ubugqinsi phansi.

(4) Lapho kufakwe ivazi ukuze kunwetshwe iphansi letshe lasekhanda, ubukhulu bephansi elinwetshiwe betshe lasekhanda kufanele ─

(a) bungeqi ku 125 mm ubude kusuka phansi;

(b) 950 mm ububanzi; futhi libe ngu

(c) 200mm ubugqinsi.

(5) Indawo engekho ngaphezu kuka 400 mm ngaphambi kwetshe lasekhanda kufanele ishiyelwe ukuba ingadi.

(6) Uma indawo isishiyelwe ukuba ingadi, akukho muntu ovunyelwe ukuba afake kuleyo ndawo itshe lesikhumbuzo ngaphandle kwetshe lasekhanda, ingadi noma ivazi njengoba kuchazwe ngenhla ezigabeni (2), (3) no (4).

**Amangcwaba anamatshe asekhanda amafushane *(Landscaped cemetery)***

**45.** Ukufakwa kwamatshe amakhanda ame abheka phezulu akuvunyelwe emangcwabeni kaMasipala athathwa njengalawo afakwa amatshe asekhanda amafushane ***(landscaped)***.

## ISAHLUKO 6
## UKULAWULA NEMITHETHONQUBO YOKULOTHISA

**Ukubekisela ukulothisa**

**46.**(1) Noma ngumuphi umuntu ofisa ukubekisela ukulothisa kufanele enze isicelo ngokwakhe esikhungweni esiseduze naye, futhi kufanele aphathe kuleso sikhungo amaphepha afanele angase adingwe nguMasipala isikhathi ngezikhathi njengengxenye yohlelo lokufaka isicelo.

(2) Isicelo sokulothisa kufanele senziwe okungenani kusasele amahora amabili ngaphambi kwesikhathi okuzolothiswa ngaso, futhi kungabi ngaphansi kwamahora amabili esikhathi sokuvalwa kwendawo yokulothisa.

(3) Uma kufakwa izicelo ezimbili noma ngaphezulu zokusebenzisa isikhathi esifanayo, isisebenzi esigunyaziwe kufanele sinqume ukuthi kuzolandelanwa kanjani ngesikhathi sekulothisa.

**Amahora okulothisa**

**47.**(1) Ukulothisa kunoma iyiphi indawo yokulothisa kufanele kwenziwe ngezinsuku nangezikhathi ezinqunywe nguMasipala izikhathi ngezikhathi, okufanele zibekwe ngokucacile ekungeneni kwasendaweni yokulothisa.

(2) Ukulothisa kokuqala kufanele kwenziwe okungenani emva kwehora lokuqala lokuvula kanti ukulothisa kokugcina kona kufanele kwenziwe kusasele amahora amabili ngaphambi kokuba kuvalwe: ngaphansi kokuthi isisebenzi esigunyaziwe singavumela ukulothisa ukuba kwenziwe ngale kwalezi zikhathi ezinqunyiwe uma sibona kunesidingo futhi kufanelekile.

**Ukulawula inkonzo yomngcwabo**

**48.** (1) Selokhu kwathi nhlo, inkonzo eqondene nokulothisa yenziwa ngaphansi kokulawulwa isisebenzi esigunyaziwe esisemangcwabeni, futhi umuntu owethamele leyo nkonzo yomngcwabo akufanele ashaye indiva imiyalelo efanele ekhishwe isisebenzi esigunyaziwe sasemangcwabeni.

(2) Isisebenzi esigunyaziwe singaxosha umuntu esibona ukuthi ukuba khona kwakhe kungaphazamisa noma kudale ubuhlungu kwabanye abantu abahambele leyo nkonzo, futhi sixoshe noma imuphi umuntu owenqabayo ukuthobela imiyalelo ekhishwa isisebenzi esigunyaziswe ngokwamandla aso esiwanikezwe yile Mithetho kaMasipala.

**Uhlobo lwebhokisi**

**49.**(1) Umuntu othwele isidumbu esizolothiswa ngokwale Mithetho kaMasipala kufanele aqinisekise ukuthi leso sidumbu sifakwe ebhokisini elakhiwe ngohlobo olubekwe esigatshanane (2) futhi lokho ukwenza ngendlela engacasuli noma engadali ukuba kube nokuphikisa, ngale kwalokho isisebenzi esigunyaziwe singenqaba ukuba kulothiswe leso sidumbu.

(2) Ibhokisi okukhulunywe ngalo esigatshaneni (1) kufanele ihambisane nezimfumo ezibekwe nguMasipala izikhathi ngezikhathi, ezifaka lokhu okulandelayo:

(a) kufanele lingeqi ku 2,2m ubude, 0,85m ububanzi no 0,5m phakathi, futhi kufanele kube ngelakhiwe ngamapulangwe azosha kalula, futhi lingakwa zipikili zensimbi;

(b) kungaba ngelipholishiwe lacocisiswa kahle ngaphezulu, kodwa izibambo kanye nepuleti legama (uma likhona), ngaphandle uma lakhiwe ngempahla esha kalula, kufanele lifakwe ngendlela ezodala ukuba zisuseke kalula;

(c) okusatiyela nosodasi akufanele kube khona nhlobo;

(d) akufanele kube nezingcezu eziyiziphambano noma okunye kwanoma iluphi uhlobo endaweni engaphansi yebhokisi kanti zonke izipikili zamapulangwe ezilapho kufanele zishayelelwe zishone phakathi ngokucophelela; futhi

(e) uma kunezidingo, kungafakwa izinki ngaphansi ebhokisini, kepha akukho okunye kwensimbi okungasetshenziswa ngaphandle kwezinki.

(3) Isisebenzi esigunyaziwe sinelungelo lokwenqaba ukuba kuqhutshekwe nokulothisa nanoma isiphi isidumbu uma ibhokisi elithwele isidumbu lingahambisani nezimfuno ezibekwe esigatshaneni (2).

(4) Ayikho into kule Mithetho kaMasipala evimbela ukusetshenziswa kwebhokisi langaphandle lwanoma iluphi uhlobo olufake phakathi ibhokisi elinesidumbu elihambisana nezimfuno ezibekwe kulesi sigaba, ngaphansi kokuthi kunemvume ebhalwe phansi yomnikazi, isihlobo noma omunye omuntu ozokhokhela izindleko zomngcwabo walowo muntu ongasekho, enikwe isisebenzi esigunyaziwe, leyo mvume kufanele isho nokuthi lowo muntu uyazi ukuthi lelo bhokisi langaphandle angeke lilothiswe futhi uyavuma ukuthi libuyiselwe kubadayisi balo emva kokulothisa.

(5) Lelo bhokisi langaphandle okukhulunywe ngalo esigatshaneni (4) kufanele lisuswe endaweni yokulothisa ngokukhulu ukushesha emva kokulothisa.

**Abathwali bebhokisi**

**50.** Isibalo esifanele sabantu abazothwala ibhokisi kufanele sihlinzekwe yilabo abamele lowo ongasekho ukuze bakwazi ukuthwala ibhokisi balifake esontweni nasemhhumeni wokulothisa.  Isisebenzi sikaMasipala asiphoqelekile ukwenza le misebenzi.

**Ukungena kushemula kabhayela**

**51.** Akekho omunye umuntu ovunyelwe ukungena kushemula kabhayela nganoma isiphi isikhathi, ngaphandle konemvume ebhalwe phansi ayinikwe nguMasipala.

**Izinkonzo zokungcwaba**

**52.** Ngaphansi kwemiyaleleo yesisebenzi esigunyaziwe, izinkonzo zokungcwaba zingabanjelwa endaweni yokulothisa, kodwa hhayi endaweni okufakwa kuyo isidumbu esizolothiswa.

**Amabhokisi akufanele avulwe ngaphandle kwemvume**

**53.** Isidumbu somuntu ongasekho akufanele sikhishwe ebhokisini ukuze silothiswe futhi ibhokisi akufanele livulwe endaweni yokulothisa ngaphandle uma kucele isisebenzi esigunyaziwe noma lapho kuvuma khona izihlinzeko zale Mithetho kaMasipala.

**Ukufakwa nokugcinwa komlotha**

**54.** UMasipala angaba namabhilidi, izindonga zesikhumbuzo, amanishi noma ezinye izindawo zokufaka nokugcina imilotha yezidumbu ezilothisiwe isikhathi esithile.

**Amanishi nezithombe zesikhumbuzo**

**55.**(1) Amanishi nezithombe zesikhumbuzo kufanele kuthengelwe ukusetshenziswa ngokushesha futhi abantu banikwe ngokulandelana njengokufaka kwabo izicelo zokuvunyelwa isisebenzi esigunyaziwe ukuba bazifake.

(2) Amanishi kufanele athengelwe isikhathi engingeqile eminyakeni eyishumi, kanti okufakwe kulawo manishi noma ezindaweni zezithombe zesikhumbuzo kanye nayo yonke imibhalo ekukho kufanele kuqale kuvunywe isisebenzi esigunyaziwe.

(3) Imibhalo esematsheni ezikhumbuzo kufanele ihlelwe futhi ikhokhelwe umthengi, kanti ukusetshenziswa lwempahla engase iraste kulezo zikhumbuzo akuvumelekile.

**Imilotha akufanele isuswe ngaphandle kwemvume**

**56.**(1) Isitsha esiphethe umlotha uma sesifakwe kwaMasipala akufanele sisuswe ngaphandle kwemvume ebhalwe phansi ekhishwe nguMasipala.

(2) Noma imuphi umlotha ongalandiwe ngesikhathi esinqunywe isisebenzi esigunyaziwe, ungachithwa ngendlela isisebenzi esigunyaziwe esibona ifanele, futhi angeke uMasipala noma isisebenzi esigunyaziwe bathwale icala ngokuchitha lowo mlotha ngokungafanele.

**Ukwenqaba ukuvemela isikhumbuzo**

57. UMasipala unelungeno lokwenqaba ukugunyaza umsebenzi wesikhumbuzo abona ukuthi ungaphansi kwezinga lomsebenzi elibekiwe noma ongase udale ukuba indawo yokulothisa ibukeke kabi nganoma iyiphi indlela.

**Izimali ezikhokhwayo**

**58.** Ngaphansi kwezihlinzelo sesigaba 60, izimali zokulothisa eziqondene nezikhumbuzo kufanele zihambisane namatharifu abizwayo ashicilelwe nguMasipala izikhathi ngezikhathi.

**Ukulothiswa kwezidumbu ezingenabani**

**59.** Lapho umuntu ongasekho uMasipala noma isisebenzi esigunyaziwe bekholwa ukuthi akanabani futhi nezihlobo zakhe azaziwa, uMasipala ngokubona kwakhe, anganquma ukuba isidumbu salowo muntu silothiswe, futhi lokho kuyokwenziwa ngaphandle kokukhokhwa kwezimali ezibizwa ngokwesigaba 58.

## ISAHLUKO 7
## IZIHLINZEKO EZIYINGXUBEVANGE

**Ukuhlangulwa ecaleni**

**60.** UMasipala kanye nanoma isiphi isisebenzi sakhe angeke babe necala nganoma ikuphi ─

(a) ukulimala okungenzela ngesikhathi kwenziwa umsebenzi wesikhumbuzo;

(b) ukuqondiswa kwengcwaba okuke kwenziwe nguMasipala izikhathi ngezikhathi ukuze kulungiswa indawo yasemangcwabeni;

(c) ukulothisa ngokungafanele kwanoma isiphi isidumbu sanoma imuphi umuntu

okukholakala ukuthi akanabani; noma

(d) ngokungasebenzi kahle kwamakhemikhali okungenzeka.

**Izenzo ezingavumelekile**

**61.** Umuntu angeke—

(a) ngenhloso noma ngokunganaki alimaze noma aphule uthango, isihlahla, isihlalo, itafula, umbhalo noma isithombe esisetsheni lethuna elikunoma iyiphi ingxenye yamangcwaba noma indawo yokulothisa;

(b) asuse emangcwabeni noma endaweni yokulothisa noma iyiphi inhlabathi kanye nokunye okuhambisana nayo, kanye nanoma yini enye ngaphandle kwemvume kaSuphavayza;

(c) adlale emangcwabeni noma endaweni yokulothisa noma imiphi imidlalo, ajikijele amatshe noma induku noma okunye noma aqhumise isibhamu (ngaphandle uma eyingxenye yomngcwabo wesisebenzi sombutho wamaphoyisa) noma esinye isibhamu, okokudubula noma okunye okufuze lokhu;

(d) alethe isilwane emangcwabeni, ngaphandle kwenja ehamba nomuntu ongaboni;

(e) asabalalise amakhadi noma amapheshana anoma iluphi uhlobo ukuze athola ama-oda noma azame ukuphazamisa emangcwabeni noma endaweni yokulothisa ngezenzo ezithile noma akhathaze omonye umuntu noma enze izenzo eziphazamisa ukuthula noma ezihlukumeza noma zicasule abanye abantu abasebenzisa amangcwaba noma indawo yokulothisa; noma

(f) adlalele phezulu umculo noma adale ukuphazamiseka noma enze noma yini enye ethathwa njengedala isicefe ngokubona kwesisebenzi esigunyaziwe.

**Ukwedluliselwa kwamandla**

**62.** (1) Kweyame kuMthethosisekelo nemithetho efanele kazwelonke neyesifundazwe –

(a) namaphi amandla, ngaphandle kwamandla okukhulunywa ngawo esigabeni 160(2) soMthethosisekelo;

(b) namuphi umsebenzi; noma

(c) nasiphi isibopho,

ngokwalo Mthetho KaMasipala, okunikezwe uMasipala noma naziphi ezinye izinhlaka zikaMasipala zezombusazwe, abaphathizikhundla bezombusazwe, ikhansela, umsebenzi,

kungaphinde kudluliselwe yilolo hlaka lwezombusazwe, yilowo mphathisikhundla wezombusazwe, yilelo khansela, noma yilowo msebenzi esikhungweni sangaphakathi, noma kumsebenzi oqashwe wuMasipala.

(2) Ukudluliswa kwamandla ngokwesigatshana (1) kufanele kwenziwe ngokuhambisana nohlelo lokwedlulisa amandla olwamukelwe nguMkhandlu ngokwesigaba 59(1) soMthetho i-Systems Act, nangokulandlela indlela ebekwe esigabeni 50(2) salo Mthetho.

(3) Nakuphi ukudluliselwa kwamandla okuhlongozwa kulesi sigaba kumele kuqoshwe ohleni lwamandla adluliseliwe, okumele luqukathe ulwazi mayelana –

(a) naleso sikhungo noma lowo muntu odlulisela amandla noma odlulisa amandla adlulisiwe;

(b) nowemukela lawo mandla adlulisiwe noma odluliselwe amandla adlulisiwe; kanye

(c) nemibandela ehambisana nalawo mandla adluliselwe.

**Ukudluliswa kwezinqumo**

**63.** (1) Umuntu omalungelo akhe achashazelwe yisinqumo somsebenzi ogunyaziwe ngokulandela lo Mthetho KaMasipala angafaka isicelo sokuphikisana naleso sinqumo ngokulandela uhlinzeko lokudlulisa isinqumo oluqukethwe eMthethweni Wezinhlelo Zomasipala: uMthetho Wohulumeni Basekhaya ka-2000 (uMthetho No. 32 ka-2000) ngesaziso esibhaliwe sokudlulisa isinqumo kanye nezizathu kwiMenenja kaMasipala zingakapheli izinsuku ezingama-21 kusukela ngosuku lwesaziso ngesinqumo.

(2) IMenenja kaMasipala kumele ngokushesha yethule lesi sicelo sokuphikisana nesinqumo kwisiphathimandla sokudluliswa kwezinqumo esifanele.

(3) Isiphathimandla sokudluliswa kwezinqumo kumele siqalise uhlelo lokudlulisa isinqumo engakapheli amasonto ayisithupha futhi sinqume ngaleso sicelo esikhathini esifanele.

(4) Isiphathimandla sokudluliswa kwezinqumo kumele sivumelane, siguqule noma sichithe isinqumo, kodwa akukho guquko noma kuchithwa kwesinqumo okungahoxisa namaphi amalungelo angabe atholakele ngenxa yaleso sinqumo.

(5) Isiphathimandla sokudluliswa kwezinqumo kumele sinikeze izizathu ezibhaliweyo ngesinqumo saso kuzo zonke izindaba ezithinta ukudluliswa kwezinqumo.

(6) Zonke izicelo zokudluliswa kwezinqumo zenziwa ngokulandela uMthetho Wezinhlelo Zomasipala: uMthetho Wohulumeni Basekhaya, ka-2000 (uMthetho No. 32 ka-2000) hhayi ngokulandela lo Mthetho KaMasipala.

**Amacala nezinhlawulo**

**64.** Noma imuphi umuntu ─

(a) owephula noma owehluleka ukuthobela izihlinzeko zale Mithetho kaMasipala;

(b) owehluleka ukuthobela noma imuphi umuyalelo okhishwe nguSuphavayza noma isisebenzi esigunyaziwe ngokwale Mithetho kaMasipala; noma

(c) ophazamisa noma avimbele uSuphavayza noma isisebenzi ezigunyaziwe noma oqashwe nguMasipala ekwenzeni imisebenzi yakhe ngokwale Mithetho kaMasipala,

Uyoba necala futhi akhokhe nenhlawulo engeqile ku R500.00 uma elahlwa icala okokuqala, kanti uma eselahlwa amacala afanayo okwesibili noma ngaphezulu, uyohlawuliswa imali engeqile ku R2,000.00 noma, uma ehluleka ukukhokha leyo nhlawulo anikwe yona, uyovalelwa ejele isikhathi esingekho ngaphezu kwezinyanga eziyisithupha (6).

**Ukuchithwa kwemithetho nokunye okuphathelene nayo**

**65.** (1) Imithetho egagulwe kwikhalamu yokuqala neyesibili yeSheduli ekule Mithetho kaMasipala ngalokhu iyachithwa njengoba kubekile kwikhalamu yesithathu yale Sheduli.

(2) Namaphi amalungelo atholakele noma izibopho ezidalekile njengoba kubekiwe kule mithetho okukhulunywa ngayo esigatshaneni (1) kuyohlala kusebenza ngokugcwele kube sengathi leyo mithetho ayizange ichithwe.

**Isihloko esifingqiwe nokuqala ukusebenza komthetho**

**66.** Le Mithetho kaMasipala ibizwa ngokuthi iMithetho kaMasipala Yezamangcwaba Nokulothisa, ka 2015, futhi izoqala ukusebenza ngosuku eyoshicilelwa ngalo *kwiGazethi yeSifundazwe* noma kanjengoba kubalulwe esizisweni sawo.

## ISHEDULI
## IMITHETHO ECHITHWAYO

| ***Inombolo nonyaka komthetho*** | ***Isihloko*** | ***Ingxenye echithwayo*** |
|---|---|---|
| Isaziso seSifundazwe 611 sika 1956, esashicilelwa kwi Gazethi yeSifundazwe 2738 ngomhlakayango mhlaka 27 Novemba 1956 | iMthetho kaMasipala Yezamangcwaba | Yonke |
| Isaziso soMasipala 199 sika 1994, esashicilelwa kwi Gazethi yeSifundazwe 5000 yango mhlaka 17 Novemba 1994 | iMithetho kaMasipala Yezokulothisa | Yonke |